# INKONZO YOKUKHANYA

**UMQHELE WOMNDENI WOKULINDELA UKUZA KWENKOSI**

**UKUBUSISWA NEMIKHULEKO**




**Abantu ababehamba ebumnyameni sebebonile ukukhanya okukhulu......(Isaiah 9:10)**

**ISIFUNDABHISHOBHI SASEMZIMKULU**

**Ukukhanya** kuluphawu olusemqoka kakhulu ngeNkathi yokuLindela ukuza kweNkosi. Ngalamasonto amane ngaphambi kukaKhisimusi, abantu bakaNkulunkulu balindela ngethemba lomthandazo ukufika kukaMesiya, ukukhanya okupheleleyo ukuba kuzovutha ebumnyameni besono nasekuthunjweni.Ukukhanya kwezihlahla zikaKhisimusi nemihlobiso kungasikhumbuza ukuthi uKristo ungukukhanya kukaNkulunkulu emhlabeni, okuzochitha ubumnyama bokungathembeki nokungaqondi.
Ezintweni ezigqamile njengokukhithiza ezitolo, ukuhlobisa, ukwenza iziphuzo zikaKhisimusi, ukubhala amaKhadi kaKhisimusi, nezinye izinto ezenziwayo ngalenkathi yaleliHolide, isiko lalomqhele wokulindela lingeliseqophelweni eliphezulu emindenini nasemiphakathini ukugcina incazelo kaKhisimusi ngokubonakalayo.
**Amakhandlela amane** aleNkathi yokulindela amele amasonto amane angalenkathi kanye nezinkulungwane zeminyaka abantu bakaNkulunkulu ababelindele ngayo uMesiya ababemthenjisiwe. Amakhandlela aba ngumbala onsomi, isikhumbuziso somoya wokuphenduka nokukhuleka okuveza isikhathi sokulindela (elinye ikhandlela libangumbala oyiRose/noma oPink lona lisetshenziswa ngesonto lesithathu lokuLindela, elaziwa ngokomdabu ngokuthi „Yisonto lokujabula", kuthathelwa emazwini wokuvula inkonzo yangalelisonto athi: „Thokozani eNkosini njalo"). Njalo ngesonto ikhandlela elilodwa liyakhanyiswa kuze kube yisonto lesine lenkathi yokuLindela lapho asuke esevutha wonke.
Lomqhele owenziwa ngalamakhandlela ufanekisa ubuphakade bukaNkulunkulu nobukhona bukaBaba emlandweni wesintu. Amahlamvu aluhlaza angabuni ngokuvamile yiwona asetshenziswayo ukuhlobisa lomqhele, isikhumbuziso sokuphila kwaphakade kukaNkulunkulu kuKristo.



Ukugcwaliseka ngempela kokuncomeka kwalomqhele wokuLindela ukuza kweNkosi, umqondo wokuba ndawonye kungaba yingxenye yokukhanya. Isibonelo kungaba ukuthi, abantwana asebekhulile bangazenzela lomqhele ngokwabo ongaphanyekwa endaweni egqamile ekhaya. Lokukukhanyiswa kwamakhandlela kungenziwa ngemuva kokuba umndeni sewuhlanganyele uMhlabiso weMisa eliyiNgcwele kanye kanye, noma ngesinye isikhathi lapho-nje umndeni kade undawonye. Amalunga omndeni angashintshana ekukhanyiseni amakhandlela, ukwenza imikhuleko, noma ukufunda izigatshana zombhalo oyiNgcwele.

Ukwakha lomqhele wokuLindela ukuza kweNkosi kungasetshenziswa ucingo olungawagcina amakhandlela amane emi kahle ezindaweni zawo. Izingcingo zingasongwa ngamagatsha aluhlaza. Umkhuleko walezizinkonzo ulungiswe lapha kulencwajana njengenkomba-ndlela kulokhukukhanyiswa amakhandlela njalo ngesonto. Izifundo kanye nemithandazo kungathathiselwa kumbe kushintshwe ukwenza ukukhanyiswa kwekhandlela kube ngumkhuleko womndeni ngokunjalo nenkonzo yangamasonto. Amaculo okuLindela kanye namaculo kaKhisimusi, izinkondlo, noma izifundo nazo zingahlanganiswa njengoba umphakathi ufisa ukwenza lomqhele wokuLindela ube ngowokusondeza esizindeni somkhuleko.

## UMTSHANI BOMKHOMBE

**Lelisiko lokulindela ukuza kweNkosi lokulungisa umkhombe kuyithuba lapho wonke amalunga omndeni ekhula khona kanye kanye Ngesonto lokuqala**



lokuLindela umkhombe ongenalutho ubekwa endaweni ehloniphekile ukuba ulindele uBusuku oBuhle. Njalo ngosuku njengamalunga omndeni enza okulungile ayamenywa ukuba abeke imicu yotshani (noma utshani obuningana) emkhombeni ngenkathi leyo yemikhuleko evamile abayenza bezungeze lomqhele wamakhandlela enkathi yokuLindela. Lelisiko linikeza abazali ithuba lokwabelana nabantwana babo ngokuthi yiziphi izenzo ezinhle ezibalulekile empilweni yabo yansuku zonke – umkhuleko, izipho zomusa, imibono, izenzo ezisizayo, ukuguquka ekulimazeni abanye, nokunye. Kusukela ngoBusuku oBuhle lezenzo ezinhle zibekwa ndawonye ukuze zenze umbhede ontofontofo womntwana uJesu! Kulombhede owenziwe ngotshani umndeni ungabeka umfanekiso noma isithombe somtnwana uJesu ngoBusuku oBuhle.

## UKUKHANYISWA KWAMAKHANDLELA NGENKATHI YOKULINDELA

**1.** **Ilunga lomndeni** okuyilona elikhanyisa ikhandlela lisho ingxenye yokuqala yomkhuleko wokuvula, umndeni bese usho ingxenye yesibili.

**2.** Kulandela ukufundwa kwesifundo embhalweni oyingcwele, bonke bayathula isikhashana ukuze bazindle.

**3.** Umholi kanye nabantwana wenza izinxuso bonke basho iziphendulo. Ngokumenywa ngumholi, bonke basho kanye kanye uBaba wethu. Umkhuleko wokuvala ushiwo ngumholi.

**4.** Umkhuleko sewungaphetha ukukhanyiswa.

NgoBusuku oBuhle nangoKhisimusi uqobo, esikhundleni samakhandlela a-purple kungasetshenziswa amakhandlela amhlophe.

